

UMBIKO OFINGQIWE  
UMBIKO WONYAKA  
**2023-2024**

**IMINYAKA  
ENGAMA-**

**30**

**YENTANDO**

YENINGI  
NENGUQUKO  
YOCWANINGO  
LWEZEMPILO  
ENINGIZIMU AFRIKA



SISONKE, NDAWONYE, SISINDISA IZIMPILO



# AMAZWI AVELA

## KUMENGAMELI NOMPHATHI

### OMKHULU

USOLWAZI GLENDA E. GRAY



*Ngizizwa ngihloniphekile kakhulu ukuthi ngethule uMbiko wami Wokugcina woMkhandlu woCwaningo lwezoKwelapha eNingizimu Afrika (i-SAMRC) wonyakamali wezi-2023/24.*

Kwa-SAMRC, izinto esigxile kakhulu kuzona ukwenza nokuxhasa ngezimali ucwaningo lwezempilo, ukusungulwa kwezinto ezintsha, ukuthuthukiswa kwamakhono kanye nokuhunyushwa kocwaningo. Ngokusebenzisa amayunithi ocwaningo angaphakathi nangaphandle, izikhungo eziningana ezisebenzisanayo, amaprojekthi amasu kanye nemizamo, kubandakanya abahlomula ngezibonelelozocwaningo abazisungulele lona, abacwaningi be-SAMRC baqhuba ucwaningo oluzama ukubhekana nomthwalo wezifo eNingizimu Afrika, eNingizimu, eMpumalanga naseNtshonalanga Afrika.

I-SAMRC yenze umsebenzi oncomekayo ngonyakamali wezi-2023/24, omningi walowo msebenzi ebesiwuhlelile ube yimpumelelo. Le mpumelelo igcizelela isibopho se-SAMRC ezinjongweni nemigomo yayo kanye nekhono layo lokuqhuba ngempumelelo izinhlelo zayo zamasu.

Ukuphothulwa ngokuyimpumelelo kwemisebenzi yamasu ahleliwe kukhombisa ukuthi i-SAMRC izisebenzise ngempumelelo izinsiza zayo, okuhlanganisa nezezimali, abantu, nengqalasizinda, ukuze yenze imisebenzi yayo ewumongo njengoba iyalelwe uMthetho we-MRC 58, 1991 (njengoba uchitshiyelwe).

Le misebenzi ibandakanya izinhlelo zocwaningo, izinhlelo zokuthuthukisa amakhono, imizamo yokufinyelela izidingo zomphakathi, kanye nemikhankaso yokumela inqubomgomo okuhloswe ngayo ukuthuthukisa imiphumela yezempilo yomphakathi eNingizimu Afrika.

Lo msebenzi oyimpumelelo unemithelela emihle kwezempilo yomphakathi eNingizimu Afrika, njengoba ubonisa inqubekelaphambili ekubhekaneni nezinsesele ezibalulekile zezempilo kanye nokuthuthukisa ulwazi lwezesayensi emikhakheni efana nezifo ezithathelanayo, izifo

ezingathelelani, impilo yomntwana nonina, kanye nokuqinisa izinhlelo zezempilo. Ukusuka manje kuya phambili, enye yezindawo egxile kuzo i-SAMRC ukwenziwa kocwaningo luqondane nesimo sasendaweni nentuthuko (i-R&D) kanye nomthelela wayo omkhulu ekukhuthazeni ukuqanjwa kwezinto ezintsha ngokubanzi. Sikholwa kakhulu ukuthi ngokwenzaimizamoye-R&Dyendawo, singakhuthaza izisombululo ezintsha ezibhekana ngqo nezinsalele zezempilo ababhekene nazo abantu baseNingizimu Afrika. Lokhu kuzibophezela kubandakanya ukwenziwa kotshalomali emakhonweni abantu basendaweni, ukwakha ubudlelwane nezikhungo zakuleli, kanye nokuqhuba ucwaningo oluhambisana nesimo saseNingizimu Afrika.

Ngaphezu kwalokho, i-SAMRC izibophezele ekuthuthukiseni isibalo sabantu bendawo kwezocwaningo nasekusungulweni kwezinto ezintsha ngokuqeqeshwa okudidiyelwe kanye nezinhlelo zokufundisa.

Ukuqhubeka kwethu ukuzama ukuletha izinguquko enhlanganweni yethu, intuthuko kwezesayensi, nokuthuthukiswa kobuholi kuhlezi kungumongo embonweni wethu wamasu. Ukubukezwa kweshumi leminyaka lemizamo yokuletha ushintsho e-SAMRC kugcizelela ukuguquguquka okuphawulekayo kwezibalo nezimpawu zabantu okuzanywa ngazo ukuletha ukulingana ngaphakathi nangaphandle kwenhlangano. Okuphawulekayo, ukuthi kube nokwanda okukhulu kokumeleleka kwabantu abaNyama nabaNyama base-Afrika eBhodini le-SAMRC, iKomidi Labaholi Abaphezulu, nasesibalwenisonkana sabasebenzi bethu. Ngokufanayo, kube nokwenyuka okuphawulekayo kwenani labaNyama nabaNyama base-Afrika abathola imifundaze, izibonelelo zokuqhuba ucwaningo, kanye nokuqokelwa kuPhiko Locwaningo Lwagaphandle.

Uhlelo lwethu lokuletha ushintsho lubandakanya izinsika ezisemqoka njengokulingana emsebenzini, ukuthuthukiswa komuntu siqu kanye nokukwazi ukuphilisana kahle kwabantu, izinhlelo zokuqeqeshwakochwepheshe, ukufukulwa kwabantu abamnyama kwezomnotho ngokubanzi, kanye nokusebenzisana kwezikhungo. Sinesiqiniseko sokuthi lezi zinsika zizoyiqinisa i-SAMRC yize kukhona ukungaqiniseki okukhona, ekugcineni kuhlomulise bonke ababambiqhaza.

Njengoba lona kuzoba uMbiko wami Wokugcina Wonyaka njengesikhulu Esiphezulu noMengameli

we-SAMRC, uma ngibheka emuva esikhathini sami lapha ngiba nokuziqhenya okukhulu. Kube yithuba elikhethekile kimina ukuhola le nhlangano ehlonishwayo kule minyaka eyishumi edlule.

Ngokusebenzisana nethimba elivelele lobuHoli obuPhezulu, sifinyelele izimo eziyingqophamlando, njengokuthola ucwaningomabhuku olungenagcobho izikhathi ezinhlanu zilandelana kanye nokuhola izinhlelo zoxhasomali eziletha izinguquko ezithuthukisa ngokunzulu ukwesekwa kososayensi abasebasha, ososayensi abamnyama base-Afrika nabesifazane. Siphinde sakha ubambiswano olusemqoka kanye nobudlelwane obulungele ukuqhubekisela phambili ucwaningo lwezesayensi.

I-SAMRC izoqhubeka nokuba yikhaya kimina njengoba ngidlulela emsebenzini wocwaningo ngokuphelele olugxile kakhulu emigomweni yegciwane leSandulela-Ngculazi kanye nezinye izinhlobo zemigomo ukuze kubhekane nezinsalele zempilo eziyingcindezi kulo lonke izwekazi lase-Afrika. Ngizibophezele ekukhuthazeni ubudlelwane nokubambisana nababambiqhaza balapha ekhaya nabasemazweni ngamazwe ukuze kuthuthukiswe isayensi yezokwelapha kanye nocwaningo eNingizimu Afrika.

Sengiphetha, ngithanda ukudlulisa ukubonga okusuka ekujuleni kwenhliziyo kuNgqongqoshe wezeMpilo kaZwelonke, iBhodi, iKomidi labaPhathi eliPhezulu, abasebenzi be-SAMRC, nabo bonke ababambiqhaza ngokungeseka kwabo okukhulu kuso sonke isikhathi sami sokusebenza lapha. Ngibonga kakhulu ngethuba lokusebenzela i-SAMRC, umphakathi wezesayensi, kanye nomphakathi wonkana. KuMengameli omusha kanye nesiKhulu esiPhezulu esisha, uSolwazi Ntobeko Ntusi, ngithanda ukudlulisa amazwi okumeseka nezilokotho ezinhle zempumelelo akwazi ukuhola i-SAMRC ize ifinyelele phezulu esicongweni.



**USolwazi Glenda E. Gray**

*UMengameli nesiKhulu esiPhezulu kwa-SAMRC*



# AMAPHROJEKTHI AGQAMILE NEZIMPUMELELO EZIFEZEKILE

## Ubambiswano ne-ANRS oCwanningweni lweSifo Sofuba

Obunye ubudlelwane obusha esijabule kakhulu ngabo obugunyazwe ngowezi-2023/24 obethu ne-ANRS-MIE (i-Agence Nationale du Recherche du SIDA, Maladies Infectieuses Emergentes) e-France ocwanningweni lweSifo Sofuba. I-ANRS iyinhloko ye-French Government Government Infectious Research Agency futhi ingumxhasi oyinhloko wocwanningo lwezifo ezithathelanayo emazweni ase-Afrika ayengaphansi kwamaFulentshi. Njengendlela yokwelula lolu xhaso emazweni ase-Afrika ayengaphansi kwamaNgisi ngethemba lokuhlenganisa abacwanningi abavela kulezi zizinda zezwekazi ezimbili ukuze babe nohleloxhumano olusondelene futhi basebenzisane, i-ANRS-MIE ibeke eceleni izigidi ezi-2 zama-€ esikhathini seminyaka emithathu ukweseka ngokubambisana ucwanningo eNingizimu Afrika ngemali evela ku-SAMRC engafinyelela ezigidini zamarandi eziyi-19.5.

Ubambiswano luzogxila ekwesekeni ucwanningo ngeSifo Sofuba, lapho ezinye zezinto ezibalulekile ocwanningweni eziseqhulwini kuyimigomo, ukuthathelana kwezifo, iSifo Sofuba ezingenazimpawu, ukuhlonza kusetshenziswa izimpawu zesifo neSifo Sofuba ezinganeni. Isicelo sokufakwa kwezicelo sizokhishwa nge-ANRS ngesikhathi sowezi-2024 lapho imiklomo yokuqala ilindeleke ngasekuqaleni kowezi-2025.

## I-BRILLIANT

I-BRILLIANT (BRinging Innovation to cLinical and Laboratory research to end HIV In Africa through New vaccine Technology) Consortium yaklonyeliswa ngoxhasomali olufinyelela kuma-US \$45.6 million esikhathini seminyaka emihlanu yi-USAID (i-US Agency for International Development) ngeSivumelwano Sokubambisana ne-SAMRC njengenhlangano okuzoba yiyo ehola umsebenzi.

Abalingani kumfelandawonye amazwe ayi-8 ase-Afrika okubalwa kuwona iNingizimu Afrika, i-Nigeria, i-Kenya, i-Mozambique, i-Tanzania, i-Uganda, i-Zambia kanye neZimbabwe. Loluhlasomali lwenzelwe izikhungo kanye nososayensi base-Afrika, ukuze bahambe phambili ekutholeni, ukuklama nokuhlolwa kwabantu abazogomela igciwane leSandulela-Ngculazi futhi kuzohlizeka ngamathuba engeziwe kososayensi kulo lonke elase-

Afrika eseningizimu yeSahara ukuze baqhubekisele phambili ucwanningo nokuthuthukiswa komgomo wegciwane leSandulela-Ngculazi futhi bazuze ngezifundo esezifundiwe emashumini eminyaka ngotshalomali olwenziwe uhulumeni we-U.S.

Umfelandawonye ohlanganisa bonke ababambiqhaza ube nomhlango wawo wokuqala ngoMasingana 2024 lapho okuxoxwe khona ngohlelo lulonke olugxile ohlelweni lokusebenza Lonyaka Woku-1.

## Utshalomali lwe-KfW Development Bank Ekukhiqizweni Kongomo neR&D- I-Ejensi Epezulu ye-SAMRC

UMnyango wezeSayensi nokuSungula (i-DSI) umemezele ukuphuthulwa kwesivumelwano sezimali ne-KfW Development Bank yaseJalimane ukuze kukhiqizwe imigomo. Ngaphansi kwesivumelwano uhulumeni waseJalimane, ngokusebenzisa i-KfW, uzohlizeka iNingizimu Afrika ngezigidini ezingama-€20 ukuze kukhiqizwe umgomo esikhathini esiyiminyaka emihlanu.

Lesi sibonelelo sizosetshenziselwa kuphela ukuxhasa ngezimali amathuluzi okuthuthukiswa, ukukhiqizwa kanye nokuqinisekiswa kwezithako zemithi ezisebenzayo zokukhiqiza imigomo eNingizimu Afrika. Loluhlasomali luzosetshenziselwa, phakathi kokunye, ukweseka Isizinda Sokudluliselwa Kwezobuchwepheshe lwe-mRNA iNingizimu Afrika eyisingathele Inhlango Yezempilo Yomhlaba Wonke kanye nesu lokukhiqiza imigomo yaseNingizimu Afrika, eliholwa yi-DSI. I-DSI yiyo ethola ukwesekwa kwezimali kwe-KfW egameni likahulumeni waseNingizimu Afrika kanti i-SAMRC iyisikhungo esiqhuba umsebenzi.

Uhlelo luzohlizeka ukwesekwa okubalulekile ukuze kuqiniseke ucwanningo nentuthuko yomgomo, okuhlenganisa ucwanningo lwangaphambi kokwelashwa, ingqalasizinda kanye nokusungula imboni yokukhiqiza imigomo eNingizimu Afrika. I-KfW izoqoka umeluleki wokuqaliswa komsebenzi ukuze eseke i-KfW futhi asize i-SAMRC. Umxhumanisi uzoba nesibopho sokuhlizeka ngokwesekwa okuqondene nomkhakha othile wokuhlizeka kwephrojekthi, ukuphathwa, ukuqashwa nokuhlolwa, phakathi kokunye. Ukuqaliswa kwalolu hlelo kuzoqala ngoMbaso 2024.

## **Ukwelulwa Kwesivumelwano Sobambiswano Lokusingathwa Kwamasu Ezempilo (i-SHIP)**

I-SHIP iwuhlelo oluhamba phambili loMnyango wezeSayensi nokuSungula (i-DSI) kanye nokusebenzisana ne-SAMRC olusungulelwe ukudidiyela nokuxhasa ngezimali ukuthuthukiswa kwemikhiqizo yemikhakha ehluahlukene kanye nemiklamo emisha emkhakheni wezempilo.

I-SAMRC ibilokhu isingatha futhi iphatha uhlelo lwe-SHIP kusukela ngezi-2013, yeseke amaphrojekthi amasha abalelwa kwangama-50 ngonyaka. Okugqame kakhulu ngesikhathi sokubika sezi-2023/24 kwaba ukuzibophezela okwengeziwe ngemali eyizigidi ezingaphezudlwana kwama-R265 okwenziwa yi-DSI ukuze kwesekwe i-SHIP kuze kube owezi-2025/26. Lokhu kuzibophezela kusemqoka ukuze kuqhutshelwe notshalozimali lwamanje ku-SHIP kanye nokwanda ukuze kwesekwe izixazululo zezempilo ezibalulekile ezizoba nomthelela ngqo empilweni yesizwe.

## **Ubambiswano ne-NIH kuHlelo lwe-US-neNingizimu Afrika loCwawano Lokusebenzisana Kwezokwelapha**

Uhlelo oluhlanganyelwe lwe-SAMRC-NIH luqinise ukuphathwa kocwawano namandla okuphatha ezikhungweni zocwawano zaseNingizimu Afrika. Uhlelo lwaphinde lwelulelwa eminye iminyaka emihlanu, kusukela ngowezi-2019/20 kuya kowezi-2023/24, ngesamba semali esilinganayo sezigidi ezingama-R45 ngonyaka evela kwa-SAMRC futhi njengamanje yeseke imiklomo eyi-18.

Isigaba sesi-2 sohlelo sasihlanganisa izihloko zokuqala zesayensi ezinakwayo kodwa saphinde sanwetshwa ukuze sihlanganise izifo ezithathelana ngocansi, izifo ezibangwa izidalwa ezihlala emizimbeni yabantu, izifo ezithwalwa izilokazane kanye namagciwane aqubukayo/naqubuka ephindelela, ucwawano lwezidalwa ezithwala ulibofuzo kanye nokulawula, kanjalo nomthelela wokusetshenziswa kotshwala egciwaneni leSandulela-Ngculazi/neNgculazi. Kwaphinde kwagqugquzelwa ukusebenzisana namaqembu ososayensi ayengameleleki kahle kanye nezikhungo ezazincishwe amathuba phambilini eNingizimu Afrika, nososayensi baseKenya, eLesotho, eZimbabwe nase-Uganda.

Ekupheleni kwesivumelwano sohlelo lwesibili ngowezi-2023/24, i-SAMRC kanye ne-NIH baphetha isivumelwano sesigaba sesithathu sohlelo oluzoqala ngowezi-2024/25.

I-SAMRC ifaka imali eyi-US\$1 million ngonyaka isikhathi seminyaka emi-5 kanti i-NIH ifaka imali

elinganiselwa ku-\$3 million ngonyaka. Izikhungo ezisebenzisana ne-USA ezibandakanya isiKhungo sikaZwelonke sama-Aleji neZifo Ezithathelanayo (i-NIAID), isiKhungo sikaZwelonke seMpilo yeziNgane NokuThuthuka koMuntu (i-NICHD), isiKhungo sikaZwelonke soMdlavuzo (i-NCI), isiKhungo sikaZwelonke seMpilo yeNgqondo (i-NIMH), isiKhungo sikaZwelonke Sabaphuzo Ngokweqile Nabayizinkolotsha (i-NIAAA), neHhovisi Locwaningo LweNgculazi (i-OAR).

Ukwamukelwa kweziphakamiso kuzokwethulwa ekuqaleni konyakamali wezi-2024/25 ngemiklomo ezoqala ngowezi-2025/26 futhi kuzobanamaphrojekthi okusebenzisana acishe abe yi-10 azokwesekwa.

## **Ukubambisana neNhlango yoCwawano Nokusungula e-UK (i-UKRI) noMkhandlu woCwawano lwezoKwelapha (i-MRC)**

Ubambiswano olusha phakathi kwe-SAMRC kanye ne-United Kingdom Research and Innovation Medical Research Council (UKRI MRC) lwasungulwa ngonyakamali wezi-2023/24 ukuze kuthuthukiswe ukusebenzisana phakathi kwabacwaningi baseNingizimu Afrika kanye nabase-UK ukubhekana nezinsalelo zezempilo eNingizimu Afrika ngaphansi kwesambulela se-UK's International Science Partnerships Fund (ISPF).

Lolu hlelo locwawano oluhlanganyelwe luhlose ukukhuthaza ukusebenzisana nabacwaningi bakwamanye amazwe ase-Afrika. I-UKRI MRC izibophezele ukukhipha isamba esingaphezudlwana kwezigidi ezingama-£8 kanti i-SAMRC yona ikhiphe izigidi ezingama-R24 eminyakeni emi-3 yokweseka amaphrojekthi ocwawano aholwa abacwaningi baseNingizimu Afrika ezindaweni zezifo ezingathathelani (ama-NCD), izifo eziba khona kanyekanye noma izifo eziningi eziba khona kanyekanye ezithathelanayo nama-NCD, nesimo sezulu nempilo, impilo eyodwa kanye nezifo ezisuka ezilwaneni ziya ebantwini, phecelezi i-zoonosis.

## **Imemorandamu Yesivumelwano ne-Thermo Fisher Scientific Inc**

I-SAMRC isayine iMemorandamu Yesivumelwano (i-MOA) ne-Thermo Fisher Scientific Inc. ukuze basebenzisane ekusunguleni Isikhungo Seqophelo Eliphezulu kanye nohlelo lokuqeqesha emkhakheni webhayoloji yamangqamuzana nesayensi yezempilo eNingizimu Afrika. Inhloso yalolu bambiswano ukubhekana nezinsalelo izwekazi lase-Afrika elibhekene nazo ekuthuthukiseni amakhono abantu abaneziqo kanye nabasebenzi baselabhorethri, ikakhulukazi emikhakheni yezicelo ezingokoqobo kanye nokuchayeka kwezobuchwepheshe bakamuva bebhayoloji yamangqamuzana nesayensi yezempilo.

# OKWENZEKILE OKUGQAMILE NOKUBE YIMPUMELELO ENHLANGANWENI

- Imali engenayo yonyaka inyuke ngo-6% yafinyelela ku-R1 347 255 isuka ku-R1 270 637 ngonyakamali odlule.
- Izinga le-SAMRC BBB-EE libe ngcono ukusuka ku-level 8 kuya ku-level 5. Siphezu kwezinhlelo zokuqhubeka nokwenza ngcono kulokhu.
- Ukuphatha ngendlela efanele kanye nokuhambisana nezinhlelo zikahulumeni nezindlela zokulawula kuholele ekutheni i-SAMRC ithole ucwaningomabhuku lwayo lwesi-9 lulandelana olungenagcobho nguMcwaningimabhuku-Jikelele waseNingizimu Afrika.
- Isimo sezinguquko Kwezezibonelelo Zocwaningo Ezizalwa Umhlomuli sibe nomphumela ekwenyukeni konyaka nonyaka enanini lemiklomo kwabafaka izicelo abamnyama, kanti isamba semiklomo kwabafaka izicelo abamnyama sikhuphuke sisuka kuma-27% ngowezi-2012/13 safinyelela kuma-72% ngowezi-2023/24.
- I-SAMRC selokhu ibelesele ekuzinikeleni kwayo ekuxhaseni ukukhiqizwa kolwazi olusha ngohlelo lwayo lwemifundaze yokuthuthukisa amakhono. Ngesikhathi sokubika, ifinyelele yaze yazeqa izinhloso ebezilindelekile zokuxhasa izifundiswa eziyi-150 kuya kweziyi-184 (20.7%).
- Ngowezi-2023/24, Ukuthuthukiswa Kwamakhono Ocwaningo kweseka imifundaze ye-PhD engama-95 kanye neyi-4 ye-MSc, lapho bengama-68% abesifazane abaklonyeliswa kanti abangama-67% abesifazane abamnyama base-Afrika.
- Ukuthuthukiswa nokuqaliswa kokusebenza kwesu eliphelele le-e-HR ukuze kuthuthukiswe ezobuchwepheshe kanye nezinqubo ezihlelwe ukuba zizenzekele. Inqubo ibandakanya ukuhlaziya okunzulu kwamagebe okungenzeka ukuthi akhona ezinhlelweni zakwa-HR, ezobuchwepheshe, nokubika, kanye nokuvuthwa okuphelele kokuhlaziya kwabasebenzi ngaphakathi kwenhlangano.
- I-SAMRC yaklonyeliswa nge-SETA Discretionary Grant ngemva kokuhambisa ngempumelelo uHlelo Lwamakhono Omsebenzi Wenhlangano (i-WSP) kanye noMbiko Wonyaka Wokuqeqesha (i-ATR).
- Ngesikhathi sokubika i-SAMRC yethule ngempumelelo ama-webinar esikhathi sesidlo sasemini njengenkundla ye-inthanethi yokufunda okuqhubekayo nokuxhumana ezindabeni ezithinta bonke abasebenzi isib. usikompilo lwenhlangano, ukuhola nokweseka izinhlelo zokuphatha izinguquko, kanye nokufunda ngezinqubomgomo.

# UKUTHUTHUKISWA KWAMAKHONO ABACWANINGI

Inhlosongqangi yoPhiko lwe-SAMRC Lokuthuthukiswa Kwamakhono Abacwaningi (i-RCD) ukuqinisekisa ukuthi kunokusimama kwesikhathi eside kwezocwaningo lwezempilo eNingizimu Afrika ngokuhlinzeka ngemali yesizukulwane esilandelayo sabacwaningi bezempilo. Lolu phiko lweseka ukuthuthukiswa kwamakhono ocwaningo lwezempilo ngokuhlinzeka ngemifundaze, ukuba othisha bezinga eliphezulu emanyuvesi kanye nezibonelelo zocwaningo kubafundi abaphothule iziqu, ozakwabo abenza izifundo zobudokotela, kanye nososayensi abasakhula nabaphakathi nendawo emanyuvesi aseNingizimu Afrika. Njengoba iningi lale miklomelo ihloselwe abantu abavela emiphakathini ebeyincishwe amathuba ngaphambilini, imisebenzi yalolu phiko inomthelela omkhulu ekuletheni ushintsho ocwaningweni lwezempilo.

Ngonyaka wezi-2023/2024, izinhlelo ze-RCD ziqhubekile ukuba negalelo emigomweni yamasu

e-SAMRC nokwengamela ucwaningo lwezempilo ngempumelelo nangendlela esebenzayo, nokuholela ekukhiqizeni ulwazi olusha kanye nokwakhiwa kwamakhono abantu ukuze kube nocwaningo lwezempilo lwesikhathi eside oluzinzile eNingizimu Afrika.

Izinhlelo ze-RCD zihlukaniswe ngemiFundaze Nezibonelelo njengoba kukhonjisiwe emfanekisweni ongezansi. Inani labahlomuli kanye nenani elitshalwe ngowezi-2023/24 ohlelweni ngalunye libhalwe kuThebhula elingezansi. Isibalo esiphelele sabahlomuli abaxhaswe ngezimali bayi-181 (izibonelelo kanye nemifundaze), kubandakanya iqembu elisha elithathwe ngenkathi yokubika yowezi-2023/24, leqile emgomweni wonyaka we-150 ngama-31 (20.7%). Ukusebenza okuphelele kwenkomba engu-4.1.1 yi-181 RCD kanye ne-3 GIPD, isamba esiphelele esiyi-184.


Uhlelo Lomfundaze	Iqoqo	Inani Labahlomuli	Imali Efakiwe
Isibonelelo Sokuthuthukiswa Kwabacwaningi bakwa-SAMRC	i-PhD	6	1,207,319.79
Uhlelo lweBongani Mayosi-Lwezifundiswa Zezempilo Zikazwelonke	i-PhD	36	10,201,870.12
Uhlelo Lokuthuthukiswa Kwamakhono e-Biostatistics	i-MSc	4	645,000.00
Uhlelo lwe-SAMRC Lokuthuthukiswa Kwabacwaningi Bezokwelapha	i-PhD	15	5,755,000.00
Uhlelo lwe-SAMRC Lomfundaze Wokufunda Umsebenzi	i-PhD	27	5,204,514.45
Uhlelo Lomfundaze we-Chan Soon-Shiong Family Foundation	i-MSc ne-PhD	11	2,467,124.16
<b>Isibalo Semifundaze</b>		<b>99</b>	<b>25,480,828.52</b>
Uhlelo Lwezibonelelo	Iqoqo	Inani Labahlomuli	Imali Efakiwe
OSosayensi Abanesikhathi Sokusebenza Esiphakathi Nendawo be-SAMRC	OSosayensi (PI)	11	15,665,065.00
Umzamo Wokuthuthukiswa Kwabacwaningi be-SAMRC	OSosayensi (PI)	22	7,150,600.00
	Othisha Bezinga Eliphezulu Emanyuvesi Ngemuva Kwezifundo Zobudokotela	9	3,325,000.00
	i-PhD	9	1,800,000.00
Uhlelo lwe-SAMRC Lothisha Bangaphandle Bezinga Eliphezulu Emanyuvesi Lwngemuva Kwezifundo Zobudokotela	Othisha Bezinga Eliphezulu Emanyuvesi Ngemuva Kwezifundo Zobudokotela	5	1,750,000.00
Uhlelo lwe-SAMRC Lothisha Bangaphakathi Bezinga Eliphezulu Emanyuvesi Lwngemuva Kwezifundo Zobudokotela	Othisha Bezinga Eliphezulu Emanyuvesi Ngemuva Kwezifundo Zobudokotela	12	3,889,583.33
Indondo Yokuthuthukiswa Komsebenzi Wabelaphi be-SAMRC Ngemuva Kwezifundo Zobudokotela	Abelaphi Ngemuva Kwezifundo Zobudokotela	2	925,000.00
Uhlelo lwe-SAMRC Lwabacwaningi Bokuqala	OSosayensi (PI)	12	6,000,000.00
Ucwaningo Olusungulwe Umphenyi lwe-SAMRC-JHU HDILwezibonelelo Zokuthuthukiswa Kwamakhono : Ukuqaliswa Ukusebenza kweSayensi yegciwane leSandulela-Ngculazi Endaweni Yokwelapha	OSosayensi (PI)	3	2,060,890.00
<b>Inani Lezibonelelo</b>		<b>85</b>	<b>42,666,138.33</b>
<b>Isamba Esididiyelwe</b>		<b>184</b>	<b>68,046,966.85</b>

# UKUXHASWA NGEZIMALI KOKUQANJWA KWEZINTO EZINTSHA KWEZEMPILO NGOKUQANJWA KWEZINTO EZINTSHA NGEZIBONELELO ZOKUTHUTHUKISWA KWEMIKHIQIZO

Ukuxhaswa ngezimali kocwaningo nokuhlala indlela yokuqanjwa kwezinto ezintsha izinto ezimbili eziwumsebenzi ongumongo we-SAMRC ezenza le nhlango ibe neqhaza ekuguqulweni kwezempilo eNingizimu Afrika nangaphandle kwayo. Le misebenzi ilawulwa kakhulu uPhiko Lwezibonelelo, Ukusungula kanye Nokuthuthukiswa Kwemikhiqizo (i-GIPD), elawula izibonelelo ezisebenzayo ezingaphezu kwama-300 ngaphansi kwezinhlelo eziyi-12 (eziboniswe esithombeni esingezansi), nesamba esisetshenziswe ocwaningweni nasekusungulweni kwezibonelelo eziyizi-R218 587 675 ngesikhathi sonyakamali wezi-2023/24. Lezi zimali zinegalelo ngqo ekukhiqizeni ulwazi olusha abahlomuli bezibonelelo ze-SAMRC, ngokushicilelwa kwemibhalo enomthelela omkhulu, ukuthuthukiswa kwamakhono kanye nokuthuthuka kwezinhlelo ezintsha kungeminye yemiphumela esemqoka ekhuluma ngqo nezinjongo zamasu ze-SAMRC futhi esiza ekuthuthukiseni izinguquko zezempilo ezweni.

Izinqubo eziqinile nezivamile zokwenganyelwa kwezibonelelo zikahulumeni zalolu phiko ziqinisekisa ukuthi uxhaso lwezimali locwaningo lwezempilo luqhutshwa ngempumelelo nangendlela esebenzayo yi-SAMRC futhi, kanye nocwaningomabhuku olungenagcobho izikhathi zilandelana, kube negalelo ekuheheni uxhaso olukhulu oluvela kuzinhlobonhlobo zabaxhasi ngezimali basekhaya nabamazwe ngamazwe. Lokhu kubambisana kokuxhasa ngezimali okuhambisana namacebo kwenza i-SAMRC yandise iqoqo lezimali lokucwaninga nokusungula izinto ezintsha futhi ibe negalelo ku-SAMRC ngokuqhubekayo ilokhu iyedlula imigomo yayo yezimpokophelo zezinkomba 2.3.1, 3.1.1 kanye 3.1.2. Ngonyaka wezi-2023/24 bahlanganisa uMnyango Wezesayensi Nokusungula (i-DSI), i-Bill and Melinda Gates Foundation (i-BMGF), i-Technology Innovation Agency (i-TIA), i-ELMA Vaccines and Immunisation Foundation kanye ne-Gabriel Foundation.





# UMBIKO WESIKHULU ESIPHEZULU NOMENGAMELI

## Ukubukezwa kwezimali jikelele

(Wonke amanani angama-R'000, unyaka odlule kubakaki.)

Imali engenayo yonyaka ikhombise ukukhula ngo-6% yafinyelela ezi-R1 347 255 (R1 270 637). Lokhu kuhlanganisa ukwehla kwezibonelelo zikahulumeni ngo-2% kuya ezi-R660 413 (R677 264) okuhlangatshezwe ukwenyuka kwemali yabezinkontileka ngo-16% kuya ezi- R686 842 (R593 373).

Enye imali engenayo yehlike kakhulu ngo-26% yafinyelela ezi-R20 648 (R28 030) ngenxa yokwehla kwemisebenzi yezinkomfa namasemina kanye nezinzuzo zokuhwebelana ezitholwe emalini yesibonelelo semali yangaphandle.

Izindleko zokusebenza zibonise ukunyuka ngo-9% kuya ezi-R1 451 905 (R1 333 008). Lokhu kuwumphumela ikakhulukazi wokuqhubeka nokukhula kwemisebenzi yocwaningo ekhokhelwa ngemali engeniswa yizinkontileka.

Lokhu kuholele ekutheni kushode ngemali yokusebenza eyisamba esiyizi-R84 001 ngonyaka uma kuqhathaniswa nesamba semali yokusebenza eyizi-R34 340 ngo-2022/23. Ukwenyuka okukhulu kwemali engenayo yotshalomali ngo-48% kuya ezi-R62 795 (R42 545) ngenxa yokwenyuka kwesilinganiso sebhansi yotshalomali ngonyaka obukezwayo kanye nokwenyuka kwezinga lenzalo kuholele emalini eyinsalela eshodayo eyizi-R21 366 ngonyaka uma kuqhathaniswa nemali eyinsalela engaphezulu eyizi-R7 545 ngo-2022/2023.

Inhlangano ihlezi inamandla ngokwezimali njengoba isiqokelele imali eyizi-R412 948 (izi-R434 315).

Isamba sempahla sehle ngo-14% safinyelela ezi-R1 009 310 (R1 171 837) ngenxa yokwehla kwemali engukheshi nokufana nokheshi ngezi-R197 602 okuqalwe ukwenyuka Kwempahla, Imishini Yokwakha Nemishini Eyizinsizakusebenza kukhuphuke ngezi-R34 755 ngenxa yokwenyuka kwekhephithali esetshenzisiwe kuzinsizakusebenza zaseLabhorethri Nobuchwepheshe Bolwazi.

Imali etholwe ngaphambi kwesikhathi yemikhiqizo nemisebenzi ezokwenziwa ngesikhathi esizayo yehle ngezi-R100 995 kuya ezi-R448 637 (izi-R549 632).

I-SAMRC yenze ukungena nokuphuma kwemali yokusebenza okungekuhle eyizi-R142 334 uma kuqhathaniswa nokungena nokuphuma okuhle kwemali yokusebenza eyizi-R75 981 enkathini edlule ngenxa ikakhulukazi yokwenyuka kwezinkokhelo zabahlinzeki nokwehla kukakheshi ongenile.

Ukheshi ongenayo nophumayo usuwonke ovela emisebenzini yotshalomali ube muhle ikakhulukazi kukhephithali esetshenzisiwe yezi-R43 423 (izi-R52 981).

Umthelela ophelele walokhu okungenhla ukwehla ngezi-R195 708 kukheshi nokulingana nokheshi uma kuqhathaniswa nokwenyuka ngokheshi ngezi-R21 547 kukheshi nokulingana nokheshi onyakeni owandulele.

## Imikhuba yokusetshenziswa kwemali

Izindleko zokusebenza zibonise ukwenyuka ngo-9% kuya ezi-R1 451 905 (izi-R1 333 008). Lokhu kuwumphumela ikakhulukazi wokuqhubeka nokukhula kwemisebenzi yocwaningo futhi kubandakanya ukwenyuka kwezindleko zabasebenzi ngezi-R67 883, izindleko zokuhamba nezokudla ngezi-R12 397, kanye nezindleko zokucwaninga ngokubambisana zezi-R6 828 nokunikezelwa kwemali eyinsalela kuMgcinimafa kaZwelonke eyizigidi ezingama-R20.

Izindleko eziphathelene nabasebenzi zinyuke ngo-14% kuya ezi-R551 948 (izi-R484 065) ziqhutshwa ikakhulukazi izindleko zamaholo ayisisekelo ezikhuphuke ngo-12% kuya ezi-R445 861 (izi-R399 495). Izindleko eziphathelene nabasebenzi zihlanganisa izindleko zokuhlinzekwa kwebhonasi eyinsalela eziyizi-R15 815 (izi-R6 391). Impahla eyinsalela ephathelene neSikhwama Sempesheni kanye nezibopho zosizo lwezokwelapha Emva Kokuthatha Umhlalaphansi inyuke ngezi-R2 081 uma iqhathaniswa nokwenyuka ngezi-R2 428 ngonyaka odlule.

Insalela esele yonyaka eyizi-R21 366 uma iqhathaniswa nesabelomali sokugcina semali eshodayo esiyizi-R25 878. Imali engenayo ibe yizi-R117 928 ngaphezu kwesabelomali esinqunyiwe ngenkathi izindleko zeze ngesamba esiyizi-R113 417 kwesinqunyiwe. Lokhu kudalwe imali engenayo yezinkontileka

ebe ngaphezu kwalokho obekulindelwe okuyizi-R115 151 ngenxa yokwanda komsebenzi wocwaningo kanye nemali engenayo engaphumi emalini yentela eyizi-R35 128.

Ukukhokhelwa kwabasebenzi kweqile kusabelomali ngezi-R87 580 neziMpahla neziNsizakalao ngezi-R20 083 ngenxa yokwamukelwa kwemali engenayo yezinkontileka zangaphandle nemali engenayo eyisibonelelo.

### **Izicelo zokudluliselwa kwezimali enkathini elandelayo**

Inhlangano ihlezi inamandla ngokwezimali njengoba isiqokelele imali eyizi-R412 948 (izi-R434 315). Kuzofunwa ukugunyazwa okudingekayo ukuze kudluliswe izimali ezitholwe kuHulumeni kodwa ezingakasetshenziswa.

### **Ukwenganyelwa kohlelo lokuhlinzeka ngezinsiza**

Azikho iziphakamiso zamabhidi ezingaceliwe ezatholwa phakathi nonyaka. Uhlaka olubukeziwe Lwezinto Ezibalulekile lwagunyazwa uNgqongqoshe.

### **Izindaba zokucwaningwa kwamabhuku**


Zazingekho izindaba okufanele zibikwe.

### **Okuzokwenzeka emva kosuku lokubika**

Ayikho imicimbi ebalulekile ehlonziwe ngemva kosuku lokubika engase ibe nomthelela ezitatimendeni zezimali.

### **Ikhono lokuqhubeka nokusebenza ngokwesimo somnotho**

Izabelo zokuxhaswa ngemali eyizi-R724 161 ngowezi-2024/25 zigunyazwe nguHulumeni. Lokhu kanye nemali eseyikhulile elondolozwe eyizi-R412 948 kanye nokwenyuka okulindelekile enanini lezibonelelo ezitholiwe kuzoqinisekisa ukuthi i-SAMRC izoqhubeka nokusebenza.



**IMININGWANE  
YOKUXHUMANA YAKWA-SAMRC**

PO Box 19070  
7505 Tygerberg, South Africa  
Imibuzo: Ucingo: +27 21 938 0911  
I-imeyli: [info@mrc.ac.za](mailto:info@mrc.ac.za)  
[www.samrc.ac.za](http://www.samrc.ac.za)

